Ukufunda ngomthethosisekelo waseNingizimu Afrika (1996)

Umthethosisekelo waseNingizimu Afrika (1996) uqukethe imithetho ephakeme kunayo yonke yezwe. Le mithetho ingaphezulu kukaMongameli, ingaphezulu kwezinkantolo futhi ingaphezulu kukaHulumeni.

Uchaza indlela okufanele abantu baphathane ngayo ezweni labo, nokuthi ayini amalungelo abo nemisebenzi yabo komunye nomunye. Umthethosisekelo wezwe wenzelwe ukuthi usivikele thina sonke kanye nekusasa lezingane zethu.

Masiyazi imvelaphi yethu.	**Masingawaphindi amaphutha enzeka enkathini eyedlule.**	**Umthethosisekelo uyasisiza ukuba sibe nesithombe futhi sakhe ikusasa elingcono lethu sonke.**

Thina, Bantu baseNingizimu Afrika –

Siyakukhumbula ukucekelwa phansi kwamalungelo okwenzeka eminyakeni eyadlula;

Sibungaza labo abahluphekela ubulungiswa nenkululeko kulo mhlaba wethu;

Sihlonipha labo abasebenzele ukwakha nokuthuthukisa izwe lethu;

Futhi sikholelwa ekuthini iNingizimu Afrika ingeyabo bonke abahlala kuyo, sibumbene nakuba singefani.

Ngakho-ke, ngabameleli bethu esibakhethe ngokukhululeka, samukela lo Mthethosisekelo njengomthetho-ngqangi wezwe lethu, ukuze—

Silungise ukwehlukana kwesikhathi esedlule bese sakha umphakathi owesekelwe yinkolelo yenqubo yentando yeningi, ubulungiswa emphakathini, kanye namalungelo obuntu;

Sibeke isesekelo sokwakha umphakathi oqhuba ngendlela yentando yeningi; futhi ovulekile, lapho uHulumeni akhelwe khona phezu kwentando yabantu futhi lapho zonke izakhamuzi zivikelwe ngumthetho ngendlela efanayo;

Sithuthukise izinga lokuphila lazo zonke izakhamuzi futhi sikhulule amakhono omuntu ngamunye; futhi-

Sakhe iNingizimu Afrika ebumbene futhi eqhuba ngenqubo yentando yeningi ekwazi ukuthatha indawo yayo efanele njengezwe elizimele emazweni ngamazwe.

Yazisa ilungelo lakho njengesakhamuzi saseNingizimu Afrika uzimisele ukuvikela amalungelo abanye.	**Yazi Umqulu wamalunge kanye Nomqulu wezinto ezidinga ukwenziwa.**

Sengathi uNkulunkulu angabavikela abantu bakithi.
Nkosi Sikelel' iAfrika. Morena boloka setjhaba sa heso.
God seën Suid-Afrika. God bless South Africa.
Mudzimu fhatutshedza Afurika. Hosi katekisa Afrika.

ISBN 978-1-4315-0150-2

Rainbow WORKBOOKS


MATHEMATICS IN ISIZULU
GRADE 3 – BOOK 2
TERMS 3 & 4
ISBN 978-1-4315-0150-2
THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.
11th Edition

1 2 3 4

IZIBALO NGESIZULU – Ibanga lesi-3 Incwadi yesi-2

ISBN 978-1-4315-0150-2

Ibuyekeziwe – lhambisana ne-CAPS



Ibanga lesi- 3

Igama:

Iklasi:

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

IZIBALO NGESIZULU

Incwadi yesi-2
Ithemu 3 & 4

Isihlalo sabakhubazekile



Inombolo	Isihloko	Ikhasi
65	Izinombolo ezisuka ema-500 ziya ema-600	2
66	Ezinye izinombolo ezisukela ema-500 ziya ema-600	4
67	Izinombolo ezisuka ema-600 ziya ema-700	6
68	Amabalazwe	8
69	Okunye ngezinombolo ama-600 kuya ema-700	10
70	Izinombolo ezisuka ema-650 ziya ema-750	12
71	Izinombolo: ama-700 kuya ema-750	14
72	Onhlangothi-mbili	16
73	Ukususa nokuhlanganisa ema-800	18
74	Okunye ukuhlanganisa nokususa ema-800	20
75	Ukuhlanganisa nokususa kuye ema-800 futhi	22
76	Amaphethini ezinombolo: amashumi kokungama-800	24
77	Ukusondezela eshumini	26
78	Ukuphindaphinda: kusuka kokuhlanu kuya kokungama-75	28
79	Amaphethini ezinombolo: okuhlanu kuyiwa ema-800	30
80	Ubusuku nemini	32
81	Ukuphindaphinda: okungakubili kuze kuyofinyelela ema-75	34
82	Amaphethini ezinombolo: ezingambili kuya ema-800	36
83	Ukuphindaphinda: ngaku-2 nangaku-5 kuze kuyofinyelela ema-75	38
84	Ukuphindaphinda: ngakuthathu kuze kuyofinyelela ema-75	40
85	Ukuphindaphinda: ngaku-2, ngaku-3 nangaku-4 kuze kuyofinyelela ema-75	42
86	Amaphethini ezinombolo: ngaku-3 kuze kuyofinyelela ema-800	44
87	Ukuphindaphinda: ngaku-4 uye ema-75	46
88	Amaphethini ezinombolo: ngaku-4 kuze kuyofinyelela ema-800	48
89	Ukuphindaphinda nokuhlukanisa: ngaku-2, ngaku-3, ngaku-4 nangaku-5 kuze kuyofinyelela ema-75	50
90	Ukwakheka kwezinto eziwonhlangothi-ntathu	52
91	Amasethi emicu yamaqhezu	54
92	Okunye ngamaqhezu	56
93	Ukuhlukanisa okuholela emaqhezwini	58
94	Ibanga elisizungezile	60
95a	Ukuthengiselana ngemali	62
95b	Masiyothenga!	64
96	Okunye ngemininingwane	66
97	Ukusebenza ngamasentimitha	68
98	Izinombolo 700 kuya ema-800	70
99	Okunye ngezinombolo ama-700 kuya ema-800	72
100	Izinombolo 800 kuya ema-900	74
101	Okunye ngezinombolo ama-800 kuya ema-900	76
102a	Ukukala isisindo sezinto	78
102b	Masiphinde sikale futhi	80
103	Izinombolo 900 kuya e-1 000	82
104	Okunye ngezinombolo ama-800 kuya e-1 000	84
105	Ukuhlanganisa nokususa okufinyelela ema-999	86
106	Mayelana nendlu	88
107	Ukusebenza ngemali	90
108	Okunye ngokuhlanganisa nokususa kuye ema-999	92
109	Ukuhlanganisa nokususa kuye ema-999 futhi	94
110	Amaphazili okukala	96
111	Amaphethini ezinombolo: amashumi kuya ema-900	98
112	Ukusondezela eshumini	100
113	Ukuphindaphinda kanye nokuhlukanisa: okuhlanu kuya e-100	102
114	Amaphethini ezinombolo: okuhlanu kuya e-1 000	104
115	Okunye ngokulingana	106
116	Amaphethini ezinombolo: okungakubili kuze kufinyelele ema-900	108
117	Ukuphindaphinda nokuhlukanisa: okungakubili kuze kufinyelele e-100	110
118	Ukuphindaphinda nokuhlukanisa: okuthathu kuya e-100	112
119	Amaphethini ezinombolo: okuthathu kuya e-1 000	114
120	Ukuphindaphinda nokuhlukanisa: okune kuya e-100	116
121	Amaphethini ezinombolo: okune kuya e-1 000	118
122	Izingxenye ezilinganayo zento ephelele	120
123	Izibalo zamaqhezu	122
124	Izinto eziwonhlangothi-ntathu	124
125	Amanye amaqhezu	126
126	Ukubeka amaqoqo nokwabelana	128
127	Amaqhezu kutangramu	130
128a	Ukukala umthamo	132
128b	Kala uthele	134
	Okokusikwa kwesi-5	
	Okokusikwa kwesi-6	
	Okokusikwa kwesi-7	
	Okokusikwa kwesi-8	
	Okokusikwa kwesi-9	
	Okokusikwa kwesi-10	



UNkk Angie Motshekga, uNgqongqoshe weMfundo Eyisisekelo



UDkt Reginah Mhaule, iSekela loMnyango weMfundo Eyisisekelo

Lezi zincwadi zokusebenzela zenzelwe abantwana baseNingizimu Afrika ngaphansi kwesandla sikaNgqongqoshe weMfundo Eyisisekelo, uNkk Angie Motshekga, neSekela likaNgqongqoshe weMfundo Eyisisekelo, uDkt Reginah Mhaule.

Lezi zincwadi ezibizwa ngeRainbow Workbooks ziyingxenye yoMnyango weMfundo Eyisisekelo lapho uMnyango uzama khona ukungenelela ukuze kuthuthukiswe imfundo yabantwana bamabanga asuka kwelokuqala kuya kwelesithupha eNingizimu Afrika. UMnyango weZimali uxhase lo mkhankaso kaHulumeni njengento yokuqala uHulumeni azibekele yona ukuthi ayisukumele. Uxhaso loMnyango weZimali lusize uMnyango wezeMfundo ukuthi ukwazi ukukhiqiza uphinde usabalalise ngaphandle kwenkokhelo lezi zincwadi zokusebenzela ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika ezisemthethweni.

Sinethemba lokuthi othisha bazozithanda basebenze kangcono ngazo lezi zincwadi ekufundiseni kwabo kwansuku zonke, baphinde bathole futhi isiqiniseko sokuthi abafundi babo bafundiswa konke abamelwe ukufundiswa khona njengoba kuvela kusilabhasi yabo. Sizamile ukuqiniseka ukuthi sifaka izithonjana (ama-icon) emisebenzini yokwenziwa ukuze uthisha akuthole kulula ukuyilandela nokuqonda ukuthi umfundi yini alindeleke ukuyenza.

Sinethemba futhi lokuthi abantwana uqobo lwabo bazokujabulela ukusebenzisa lezi zincwadi ekukhuleni kwabo bakhule nolwazi eziluqukethe, bese kuthi wena njengothisha wabo uthokoze kanye nabo ekugcineni.

Sifisela wena nomfundi omfundisayo impumelelo ngenkathi usebenzisa lezi zincwadi.

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street
Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education

Eleventh edition 2021

ISBN 978-1-4315-0150-2

This book may not be sold.

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

Ibanga lesi- 3

Rainbow WORKBOOKS

IZIBALO

Le ncwadi ngeka-:



ISIZULU

Incwadi yesi- 2

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 1 2014/07/19 9:07 AM


65 Izinombolo ezisuka ema-500 ziya ema-600

Usuku: .....



Bala bese ubhala.

a. Sebenzisa ishadi elilandelayo ubhale izinombolo ezisuka ema-500 ziye ema-600.
Phimisela izinombolo ngenkathi ubhala.



501			504						510
							518		
	522								
					536				
541								549	
							558		
		573							
							588		590
	592			595					600

b. Bhala izinombolo ezidingekayo kule gridi engenhla.

c. Bhala izinombolo eziyi-10 ezitholakala ngale kwama-500.

500; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____

d. Bhala izinombolo eziyisi-8 ezilandelayo ezinephethini loku-2.

510; 512; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____

e. Bhala zonke izinombolo eziyiphethini loku-2 usuke ema-548 uye ema-570.

548; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; 570

f. Bhala izinombolo ezi-8 ezilandelayo eziyiphethini loku-5.


515; 520; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____



ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 2 2014/07/19 9:07 AM



2 Bala uthole ukuthi amabhulokhi mangaki?



Uwabale kanjani amabhulokhi?

3 Qedela lo mugqa wezinombolo.

540			543				547		549	
							597	598	599	
					597	598	599			

4 Qedela leli thebhula.

	Bhala uqale ngezincane ugcine ngezinkulu	Bhala uqale ngezinkulu ugcine ngezincane
582, 586, 584, 581, 585		
566, 506, 560, 516, 506		

5 Bhala izinombolo ezilandelayo ngamagama.

520	


Teacher:
Sign:
Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 3 2014/07/19 9:07 AM


66 Ezinye izinombolo ezisukela ema-500 ziya ema-600

Usuku: .....




UPetru unamakhadi anamabhulokhi ezinombolo ezingamashumi.

Uthisha ucela uPetru aveze inani lama-537 ngamakhadi namabhulokhi.




U-Aakar uveze lokhu. Yini angayenzanga kahle?





Bhala umusho wezinombolo bese unikeza impendulo.



500 + 10 + 7 =	517



Bhala umusho wezinombolo bese unikeza impendulo.

500 70 3	500 90	90 1
500 + 70 + 3		
=		

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 4 2014/07/19 9:07 AM



3 Qedela umugqa wezinombolo.

550	551	552								560

Bhala zonke izinombolo ezingaphansi kwama-556. _____

Bhala zonke izinombolo ezingaphezulu kwama-556. _____

4 Hlahlela inombolo yakho.

Kunamadijithi alishumi.
0 1 2 3 4 5 6 7 8 9
Siwabeka ndawonye sakhe ngawo izinombolo.

a. Yakha inombolo ngayinye ngamakhadi.

b. Bhala izinombolo ezimele idijithi ngalinye.

495	
508	
594	
549	
602	

Isibonelo: 517

500	
10	
7	
517	500 + 10 + 7

5 Bhala izinombolo ngamagama.

221	
486	
369	
419	
491	

Teacher:
Sign:
Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 5 2014/07/19 9:07 AM


67 Izinombolo ezisuka ema-600 ziya ema-700

Usuku: .....



Bala bese ubhala.

a. Sebenzisa ishadi elilandelayo ubhale izinombolo ezisuka ema-600 ziye ema-700.
Phimisela izinombolo ngenkathi ubhala.



601			604						610
							618		
	622								
					636				
641								649	
							658		
		673							
							688		690
	692			695					700

b. Bhala izinombolo ezidingekayo kule gridi engenhla.

c. Bhala izinombolo eziyi-10 ezitholakala ngale kwama-600.

600; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____

d. Bhala izinombolo eziyisi-8 ezilandelayo ezinephethini loku-2.

622; 624; 626; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____

e. Bhala zonke izinombolo eziyiphethini loku-2 usuke ema-611 uye ema-633.

611; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; 633

f. Bhala izinombolo ezi-8 ezilandelayo eziyiphethini loku-5.


645; 650; 655; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____



ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 6 2014/07/19 9:07 AM



2 Bala uthole ukuthi amabhulokhi mangaki?



Uwabale kanjani amabhulokhi?

3 Qedela lo mugqa wezinombolo.

640			643				647		649	
							687	688	689	
					602	604	606			

4 Qedela leli thebhula.

	Bhala uqale ngezincane ugcine ngezinkulu	Bhala uqale ngezinkulu ugcine ngezincane
672, 676, 674, 671, 675		
656, 605, 650, 615, 605		

5 Bhala izinombolo ezilandelayo ngamagama.

631	

Teacher:
Sign:
Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 7 2014/07/19 9:07 AM

68


Usuku:

Amabalazwe

Buka isithombe.

- Kuyini lokhu?
- Sikusebenzisa kuphi lokhu?
- Yini esingayithola ebalazweni?








Dweba lokhu ebalazweni elingezansi:

umtapo wezincwadi, isikole, umtholampilo, isibhedlela, isiteshi samaphoyisa, inxanxathela yezitolo. Ungazihlanganisa izitaladi uma uthanda.

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 8 2014/07/19 9:08 AM





Sebenzisa ibalazwe elisekhasini elandulela leli ukunikeza abangani bakho inkombandlela:

a. ukusuka emtholampilo uya esiteshini samaphoyisa.

b. ukusuka esikoleni uya emtholampilo.

c. ukusuka esikoleni uya enxanxatheleni yezitolo.

d. ukusuka enxanxatheleni yezitolo uya emtatsheni wezincwadi.

e. ukusuka emtatsheni wezincwadi uya esikoleni.

f. ukusuka esibhedlela uya esikoleni.




11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 9 2014/07/19 9:08 AM

69


Usuku:

Okunye ngezinombolo ama-600 kuya ema-700




UPetru unamakhadi anamabhulokhi ezinombolo ezingamashumi.

Uthisha ucela uPetru aveze inani lama-658 ngamakhadi namabhulokhi.




U-Aakar uveze lokhu. Yini angayenzanga kahle?





Bhala umusho wezinombolo bese unikeza impendulo.



600 + 30 + 7 =	637				



Bhala umusho wezinombolo bese unikeza impendulo.

600 90 8	600 70	600 50 8
600 + 90 + 8 =		

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 10 2014/07/19 9:08 AM



3 Qedela umugqa wezinombolo.

670	671	672								680

Ngibhalele izinombolo ezingaphansi kwama-675. _____

Ngibhalele izinombolo ezingaphezulu kwama-675. _____

4 Faka olulodwa lwalezi zimpawu esikhaleni: (<,>)

a. 670 _____ 607 b. 688 _____ 699

c. 600 + 50 + 5 _____ 655

5 Hlahlela inombolo yakho.

a. Yakha inombolo ngayinye ngamakhadi.

b. Bhala izinombolo ezimele idijithi ngalinye. Yenza lokhu-ke manje: Hlahlela inombolo yakho.

686	
690	
699	
673	
665	

Isibonelo: 632

6 0 0		
3 0		
2		
6 3 2		
632	600 + 30 + 2	

6 Bhala izinombolo ngamagama.

672	
693	
607	
697	
660	

Teacher:
Sign:
Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 11 2014/07/19 9:08 AM


70 Izinombolo ezisuka ema-650 ziya ema-750

Usuku: .....



Bala bese ubhala.

a. Sebenzisa ishadi elilandelayo ubhale izinombolo ezisuka ema-700 ziye ema-750.
Phimisela izinombolo ngenkathi ubhala.



						657			
661								669	
		683		685					
		703							
			714						
		723				727			
741		743						749	750

b. Bhala izinombolo ezidingekayo kule gridi engenhla.

c. Bhala izinombolo ezi-10 ezitholakala ngale kwama-650.

650; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____

d. Bhala izinombolo eziyisi-8 ezilandelayo ezinephethini loku-2.

705; 707; 709; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____

e. Bhala zonke izinombolo ezinephethini loku-3 ngokusukela ema-719 uye ema-749.

719; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; 749

f. Bhala izinombolo eziyisi-8 ezilandelayo ezinephethini loku-5.


705; 710; 715; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____; _____



ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 12 2014/07/19 9:08 AM



2 Bala uthole ukuthi amabhulokhi mangaki?



Uwabale kanjani amabhulokhi?

3 Qedela lo mugqa wezinombolo.

700			703				707		709	
							746	747	748	
					706	711	716			

4 Qedela leli thebhula.

	Bhala usuke kokuncane uye kokukhulu	Bhala usuke kokukhulu uye kokuncane
729, 720, 728, 721, 725		
659, 705, 607, 701, 706		

5 Bhala izinombolo ezilandelayo ngamagama.

706	

Teacher:
Sign:
Date:


11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 13 2014/07/19 9:08 AM

71


Usuku:

Izinombolo: ama-700 kuya ema-750




UPetru unamakhadi anamabhulokhi ezinombolo ezingamashumi.

Uthisha ucele uPetru aveze inani lama-738 ngamakhadi namabhulokhi.




UJabu uveze lokhu. Yini angayenzanga kahle?





Bhala umusho wezinombolo bese unikeza impendulo.



700 + 40 + 3 =	743		



Bhala umusho wezinombolo bese unikeza impendulo.

700 40 5	700 30	700 9
700 + 40 + 5		
=		

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 14 2014/07/19 9:08 AM



3 Qedela umugqa wezinombolo.

699	700	701								709

Nginikeze zonke izinombolo ezingaphansi kwama-704. _____

Nginikeze zonke izinombolo ezingaphezulu kwama-704. _____

4 Faka olulodwa lwalezi zimpawu esikhaleni: <, > noma =

a. 750 _____ 749 b. 732 _____ 723

c. 700 + 40 + 9 _____ 749

5 Hlahlela inombolo yakho.

a. Yakha inombolo ngayinye ngamakhadi.

b. Bhala izinombolo ezimele idijithi ngalinye. Yenza lokhu-ke manje: Hlahlela inombolo yakho.

750	
728	
703	
730	
749	

Isibonelo: 747

747	700 + 40 + 7

7 0 0

4 0

7

7 4 7

6 Bhala izinombolo ngamagama.

714	
750	
742	
738	
704	

Teacher:
Sign:
Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20


ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 15 2014/07/19 9:08 AM

72

Usuku:


Onhlangothi-mbili

Yisho ukuthi kulezi zimo ngasinye sinohlangothi oluqondile yini noma oluyisiyingi.





Yisho ukuthi isimo sinonqenqema oluqondile yini noma oluyisiyingi.



Zingaki izimo kwezingezansi ongazidweba zibe nonqenqema oluqondile?




Thola izithombe

Thola izimo ezinonqenqema oluqondile uzidwebe ebhokisini elingezansi.

Thola izimo ezinonqenqema olugobile uzidwebe ebhokisini elingezansi.

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 16 2014/07/19 9:08 AM



4 Qedela lokhu:

	Dweba isimo esibukeka ngezindlela ezingafani.
unxantathu	
unxande	
isikwele	

5 Qedela leli thebhula:

	Nikeza igama lesimo ngasinye	Dweba isimo usenze sibe sincane	Dweba isimo usenze sibe sikhudlwana
			
			
			
			

6 Thola izikwele, onxantathu, onxande kanye neziyingi eziwosayizi abahlukene ezitholakala emaphephandabeni nasemaphephabhukwini.

Zinamathisele zonke ebhokisini elingezansi.



11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 17 2014/07/19 9:08 AM

73 Ukususa nokuhlanganisa ema-800

Usuku:



Yini engingayithenga ngama-R500?

Yiziphi kulezi zinto engingazithola ngokukhokha ama-R500?





Hlanganisa usukele ema-600.

Bhala izinombolo ezidingekayo.

Qala 600 → +20 → 620 → +15 → ☐ → +15 → ☐ → +10 → ☐ → +5 → ☐ → +25 → ☐ → +10 → ☐ Gcina




Bala usuke ema-800 uhlehle.

Bhala izinombolo "eziguquka" njalo.

Qala 800 – ☐ → 790 – ☐ → 786 – ☐ → 776 – ☐ → 766 – ☐ → 760 – ☐ → 740 – ☐ → 715 – ☐ → 705 – ☐ → 690 – ☐ → 660 Gcina

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 18 2014/07/19 9:08 AM



4 Yenza lesi sibalo:

725 + 53 =	664 + 87 =
564 + 132 =	75 + 717 =

5 Yenza lesi sibalo:

UJakobe uthole izimabule ezingama-525.

Uma uSipho emnike ezinye ezingama-205, uJakobe naye ubezoba nezilingana nse nezikaSipho.

a. Zingaki izimabule abamele ukuba nazo bobabili zihlanganisiwe?

b. Zingaki ezikaSipho eyedwa?

a.

b.

Teacher:
Sign:
Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 19 2014/07/19 9:08 AM

74 Okunye ukuhlanganisa nokususa ema-800

Usuku: .....

Imindeni yezinombolo.

Sivumelekile ukwenza imindeni yezinombolo. Umndeni ngamunye umele ukuba nezinombolo ezimbili ezinkulu, neyodwa encane.

Yenza izibonelo kube ngoku-4, oku-8 ne-12.

$4 + 8 = 12$ $\quad 8 + 4 = 12$

$12 - 8 = 4$ $\quad 12 - 4 = 8$



Thola le mindeni.

Bhala imisho emi-4 yezinombolo eqoqweni ngalinye lezinombolo.

6 8 14				
17 17 34				
25 45 70				
65 335 400				
240 260 500				




Thola izinto ongazihlanganisa.

Kulo msebenzi sizoqala ngokukhomba amaphethini.

$360 - 50 =$ ☐	$50 +$ ☐ $= 360$	☐ $+ 50 = 360$
$570 - 480 =$ ☐	$480 +$ ☐ $= 570$	☐ $+ 480 = 570$
$430 - 31 =$ ☐	$31 +$ ☐ $= 430$	☐ $+ 31 = 430$
$676 - 70 =$ ☐	$70 +$ ☐ $= 676$	☐ $+ 70 = 676$
$799 - 701 =$ ☐	$701 +$ ☐ $= 799$	☐ $+ 701 = 799$

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 20 2014/07/19 9:08 AM



3 Uhambo olude.

UMnu Mkhize uvakashela umama wakhe ohlala ebangeni elingama-352 km ngemoto. Uyama emva kokuhamba i-166 km. Usazohamba kangakanani ngaphambi kokuthi afike?

UKami nakhu akwenzayo:	UPhumla nakhu akubhalayo:
352 – 166 +4 + 30 + 100 + 52 166 170 200 300 352 30 + 4 + 100 + 52 = 134 + 52 = 186 km	352 – 166 = 300 + 50 + 2 – 100 + 60 + 6 = 300 + 40 + 12 – 100 + 60 + 6 = 200 + 140 + 12 – 100 + 60 + 6 = 100 + 80 + 6 = 186 km
UMbali nakhu akwenzayo:	**UPetru nakhu akwenzayo:**
352 – 166 166 + 100 → 266 + 34 → 300 + 52 → 352 100 + 34 + 52 = 134 + 52 = 186 km	352 – 166 = 352 – 100 – 66 = 252 – 66 = 252 – 52 – 14 = 200 – 14 = 186 km
UVeronica nakhu akwenzayo:	**ULebo ukhumbula ohhafu kanye nokuhamba ngakubili:**
352 – 166 352 – 152 = 200 200 – 14 = 200 – 10 – 4 = 190 – 4 = 186 km	Uhhafu wama-352 yi-176 Kodwa kumele ngithathe i-166, ngakho ngibuyisela i-10. 176 + 10 = 186 km

Chaza izindlela ezingafani zokwenza lokhu. Iyiphi oyithanda kakhulu? Ngani?

4 Thola impendulo yokulandelayo usebenzise elinye iphepha:

Sebenzisa eyodwa yezindlela ezingenhla.

746 – 328	800 – 499

Teacher:
Sign:
Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

Zulu G3 B2 Num Gr3-65-80.indd 21 2014/07/19 9:18 AM

75 Ukuhlanganisa nokususa kuye ema-800 futhi

Usuku: .....



Zakhele eyakho imindeni yezinombolo.

Umsebenzi wokuzijwayeza.

8 9 17

Isibonelo: Yenza i-17

5 12 17



$5 + 12 = 17$
$12 + 5 = 17$
$17 - 12 = 5$
$17 - 5 = 12$

$8 + 9 = 17$
$9 + 8 = 17$
$17 - 9 = 8$
$17 - 8 = 9$




Hlola!
Qhathanisa!
Hlola!


Enombolweni ngayinye ngezansi, khetha ezi-2 wenze ngazo umndeni.
Bhala imisho emi-4 yezinombolo (okubili + nokubili –) emndenini ngamunye wezinombolo.


			+	+	–	–
16	7	9	$7 + 9 = 16$	$9 + 7 = 16$	$16 - 9 = 7$	$16 - 7 = 9$
20						
200						
75						
50						
500						
190						



Thola ohhafu kanye nezinombolo ezihamba ngazimbili.







ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 22 2014/07/19 9:08 AM



3 Ukuhhafula uma uzosusa.

Uma ukwazi ukuhhafula kanye nokuphinda kabili, ungabuye ukusebenzisele ukuhlanganisa nokususa.

Izibonelo:

34 – 18 = 16 34 – 17 = 17 17 – 1 = 16	190 – 97 190 – 95 = 95 95 – 2 = 93	65 + 69 65 + 65 = 130 130 + 4 = 134	242 + 249 = 242 + 242 + 7 = 484 + 7 = 491

Ake uzame lokhu:

340 – 176	145 + 148	900 – 452

4 Cwaninga izindlela.

Izingane zingama-256, iyinye ithola isipho sikaKhisimuzi. Uhhafu wazo unikwa onodoli, bese kuthi uhhafu unikwe izimoto. Zingaki izingane ezithola izimoto?

Indlela yoku-1	Indlela yesi-2
256 = 200 + 50 + 6 → Uhhafu wama-200 yi-100 → Uhhafu wama-50 ngama-25 → Uhhafu we-6 ngoku-3 100 + 25 + 3 = 128 → Uhhafu wama-256 yi-128 Ngakho i-128 lezingane lithola izimoto	→ Uhhafu wama-250 yi-125 → Uhhafu we-6 ngoku-3 125 + 3 = 128 → Uhhafu wama-256 yi-128, Ngakho i-128 lezingane lithola izimoto.

5 Thola impendulo yokulandelayo usebenzise elinye iphepha:

Sebenzisa eyodwa yezindlela ezingenhla.

Izingane ezingama-728 zinikwa ithoyisi ingane ngayinye esitolo sokudla sasendaweni. Uhhafu uthola amabhulokhi okudlala. Zingaki ezithola amabhulokhi okudlala?

Izingane ezingama-642 zinikwa imafini ingane ngayinye.
Uhhafu uthola amamafini anoshokoledi.
Zingaki ezithola amamafini kashokoledi?

Teacher:
Sign:
Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

Zulu G3 B2 Num Gr3-65-80.indd 23 2014/07/19 9:19 AM

76 Amaphethini ezinombolo: amashumi kokungama-800

Usuku: .....



Yini ongayisho ngezinombolo ezisemabhulokhini afakwe umbala?

Thola amashumi ase-710 kuya ema-800. Yini elandela emva kwama-720 uma ubala ngamashumi?

Ukubala ngamashumi uhlehle usuka ema-800 uya ema-710. Yini engaphambili kwama-760 uma ubala uhlehla?

701	702	703	704	705	706	707	708	709	710
711	712	713	714	715	716	717	718	719	720
721	722	723	724	725	726	727	728	729	730
731	732	733	734	735	736	737	738	739	740
741	742	743	744	745	746	747	748	749	750
751	752	753	754	755	756	757	758	759	760
761	762	763	764	765	766	767	768	769	770
771	772	773	774	775	776	777	778	779	780
781	782	783	784	785	786	787	788	789	790
791	792	793	794	795	796	797	798	799	800



Qedela imisho yezinombolo.

720; 730; 740; _____; _____; _____	800; 790; 780; _____; _____; _____



Hlanganisa noma ususe ishumi.

1. Hlanganisa ishumi nenombolo oyinikeziwe. Sikwenzele okokuqala.

a) 767 + 10 = 777

b) 762 _____	c) 783 _____	d) 756 _____	e) 714 _____	f) 799 _____

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 24 2014/07/19 9:08 AM



2. Susa ishumi enombolweni oyinikeziwe. Sikwenzele okokuqala.

a. 767 – 10 = 757

b. 762 _____	c. 783 _____	d. 756 _____	e. 714 _____	f. 799 _____

3. Kwenzekani uma uhlanganisa noma ususa ishumi ezinombolweni ezingenhla?

_____



Buka iziyingi ezibomvu ebhodini lezinombolo.

a. Yini oyibona kulezi ziyingi? _____

b. Yelula lolu hide olulandelayo lwezinombolo:

704; 714; 724; _____ ; _____ ; _____

715; 725; 735; _____ ; _____ ; _____

799; 789; 779; _____ ; _____ ; _____


782; 772; 762; _____ ; _____ ; _____

737; 747; 757; _____ ; _____ ; _____




Gcwalisa inombolo efanele esiyingini ngasinye kule migqa yezinombolo.

a.



b.





Nginenombolo enamadijithi ama-3.



Idijithi lokuqala yisi-7, elilandelayo limele oku-1 ngaphezulu kwesikhombisa, elokugcina idijithi lingaphansi kwesikhombisa.

Uma ubala uqhubeka ngamashumi usuka kule nombolo, iyiphi inombolo ozoyithola?

_____

Teacher:
Sign:
Date:


11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 25 2014/07/19 9:08 AM


77


Usuku:

Ukusondezela eshumini




Masikhulume.





Yenza okufanayo ngalezi:





Sondezela eshumini.

Okuyi-12 kuzoba ngoku-_____ uma kusondezelwa eshumini.

Okuyi-19 kuzoba ngoku-_____ uma kusondezelwa eshumini.

10 11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

Ama-58 azoba ngama-_____ uma esondezelwa eshumini eliseduze.

Ama-59 azoba ngama-_____ uma esondezelwa eshumini eliseduze.

50 51 52 53 54 55 56 57 58 59 60

1 2 3 4 5 6 7 8 9 10


ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 26 2014/07/19 9:09 AM



Sondezela e-10 eliseduze usebenzisa umugqa wezinombolo ozokusiza.


a. 46 [46] [50]

Uphakathi kwamaphi amashumi amabili u-46? [ ]



b. 63 [ ]

Uphakathi kwamaphi amashumi amabili u-63? [ ]



c. 37 [ ]

Uphakathi kwamaphi amashumi amabili u-37? [ ]



d. 99 [ ]

Uphakathi kwamaphi amashumi amabili u-99? [ ]







UThomi unama-R48,00.

Iphakethe lamakhadi alitholile limbize ama-R5,00.

Uzokwazi ukuthenga amangaki esewonke amakhadi ngama-R48,00? _____

Teacher:
Sign:
Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 27 2014/07/19 9:09 AM

78

Ukuphindaphinda: kusuka kokuhlanu kuya kokungama-75

Usuku:

Yini enokungakuhlanu?
Iminwe yesandla esisodwa:



Mingaki iminwe:

Ezandleni ezi-2
Ezandleni ezi-3
Ezandleni ezi-4
Ezandleni ezi-5
Ezandleni ezi-6
Ezandleni ezi-7
Ezandleni ezi-8
Ezandleni ezi-9
Ezandleni ezi-10

Qondanisa isibalo nombuzo ongakwesokunxele:

$9 \times 5 = 45$
$7 \times 5 = 35$
$2 \times 5 = 10$
$4 \times 5 = 20$
$3 \times 5 = 15$
$5 \times 5 = 25$
$10 \times 5 = 50$
$6 \times 5 = 30$
$8 \times 5 = 40$



Qedela ithebhula.

Amaqembu	Phindaphinda	Ukuhlukanisa	Hlukanisa
Amaqembu ama-2 anokungaku-5	$2 \times 5 = 10$	Ukuhlukanisa okuyi-10 ngoku-5	$10 \div 5 = 2$
Amaqembu ama-7 anokungaku-5		Ukuhlukanisa okungama-35 ngoku-5	
Amaqembu ayi-12 anokungaku-5		Ukuhlukanisa okungama-60 ngoku-5	
Amaqembu ayi-15 anokungaku-5		Ukuhlukanisa okungama-75 ngoku-5	



Qedela ithebhula.

Ukuhlukanisa	Hhukanisa
Ukuhlukanisa okuyi-12 ngoku-5	$12 \div 5 = 2$ okusele 2
Ukuhlukanisa okungama-64 ngoku-5	
Ukuhlukanisa okungama-39 ngoku-5	
Ukuhlukanisa okungama-73 ngoku-5	

Zulu G3 B2 Num Gr3-65-80.indd 28 2014/07/24 1:13 PM



3 Qedela ishadi lokulandelanayo.

okungenisiwe	umthetho	okukhiqiziwe
11	× 5	
12		
13		
14		
15		

okungenisiwe	umthetho	okukhiqiziwe
16	× 5	
17		
18		
19		
20		

okungenisiwe	umthetho	okukhiqiziwe
5	÷ 5	
10		
15		
25		
30		

okungenisiwe	umthetho	okukhiqiziwe
55	× 5	
60		
65		
70		
75		

4 Qedela ithebhula elingezansi.

×	1	2	3	4	5	6	7	8	9	10
5										

×	11	12	13	14	15	16	17	18	19	20
5										

Uyithole kanjani impendulo emabhulokhini anombala osasibhakabhaka?

5 Xazulula okulandelayo.

Umama uthenge amaphakethe amaswidi ema-R70.
Ukhokhe ama-R5 ngephakethe ngalinye.
Uthenge amaphakethe amangaki amaswidi?



Teacher:
Sign:
Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 29 2014/07/19 9:09 AM

79

Usuku:

Amaphethini ezinombolo: okuhlanu kuyiwa ema-800



Yini ongayisho ngezinombolo ezisemabhulokhini asawolintshi?

Bala okungaku-5 ema-705 kuya ema-800. Yini eza emva kwama-720 uma ubala ngakuhlanu?

Bala ngakuhlanu uhlehle usuke ema-800 uye ema-705. Yini engaphambili kwama-730 uma ubala uhlehla?

701	702	703	704	705	706	707	708	709	710
711	712	713	714	715	716	717	718	719	720
721	722	723	724	725	726	727	728	729	730
731	732	733	734	735	736	737	738	739	740
741	742	743	744	745	746	747	748	749	750
751	752	753	754	755	756	757	758	759	760
761	762	763	764	765	766	767	768	769	770
771	772	773	774	775	776	777	778	779	780
781	782	783	784	785	786	787	788	789	790
791	792	793	794	795	796	797	798	799	800



Qedela imisho yezinombolo.

725; 730; 735; _____; _____; _____	800; 795; 790; _____; _____; _____



Hlanganisa noma ususe okuhlanu.

1. Hlanganisa okuhlanu nenombolo oyinikiwe. Sikwenzele okokuqala.

a. 760 + 5 = 765

b. 725 _____	c. 780 _____	d. 755 _____	e. 715 _____	f. 790 _____

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 30 2014/07/19 9:09 AM



2. Susa okuhlanu enombolweni oyinikiwe. Sikwenzele okokuqala.

a. 765 – 5 = 760

b. 760 _____	c. 785 _____	d. 750 _____	e. 715 _____	f. 790 _____

3. Kwenzekani uma ususa noma uhlanganisa okuhlanu ezinombolweni ezingenhla?

_____



Buka iziyingi ezibomvu ebhodini lezinombolo.

a. Ubonani kulezi ziyingi? _____

b. Yelula lolu hide lwezinombolo:

703; 708; 713; _____ ; _____ ; _____

753; 758; 763; _____ ; _____ ; _____

701; 706; 711; _____ ; _____ ; _____


722; 727; 732; _____ ; _____ ; _____

714; 719; 724; _____ ; _____ ; _____




Gcwalisa inombolo efanele esiyingini kule migqa yezinombolo.

a.



b.





Nginenombolo enamadijithi ama-3.



Idijithi lokuqala yisi-7, elilandelayo limele oku-1 ngaphezulu kwesikhombisa, elokugcina idijithi lingaphansi kwesikhombisa.

Uma ubala ngakuhlanu uqhubeka usuka kule nombolo, iyiphi inombolo ozoyithola?

_____



11 12 13 14 15 16 17 18 19 20


ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 31 2014/07/19 9:09 AM

80

Usuku:

Ubusuku nemini







ICape Town

Ithebhula elingezansi likhombisa ukuphuma kwelanga nokushona kwalo ngezikhathi ezahlukahlukene onyakeni eCape Town. Funda izikhathi ethebhuleni bese ugcwalisa ithebhula lonke ngaphambi kokuphendula imibuzo engezansi.



ECape Town	Ukuphuma kwelanga	Ukushona kwelanga	Ubude bemini	Ubude bobusuku
Zingama-23 kuNdasa	6:53 am	6:53 pm		
Zingama-21 kuNhlangulana	7:51 am	5:44 pm		
Ziyi-19 kuMandulo	6:41 am	6:41 pm		
Zingama-22 kuZibandlela	5:32 am	7:58 pm		

a. Kukuziphi izinyanga lapho imini nobusuku kulingana khona ngobude? _____

b. Iyiphi inyanga enemini ende? _____

c. Iyiphi inyanga enemini emfushane? _____

d. Thola umahluko phakathi kwamahora nemizuzu phakathi kwemini ende kunazo zonke kanye nemfushane kunazo zonke. _____

e. Thola ubude bemini nobusuku kwalolo nalolo lusuku ethebhuleni elingenhla.


_____

_____

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 32 2014/07/19 9:09 AM



EPolokwane



Ithebhula elingezansi likhombisa ukuphuma kwelanga nokushona kwalo ngezikhathi ezahlukahlukene onyakeni ePolokwane. Funda izikhathi ethebhuleni bese ugcwalisa ithebhula lonke ngaphambi kokuphendula imibuzo engezansi.

EPolokwane	Ukuphuma kwelanga	Ukushona kwelanga	Ubude bemini	Ubude bobusuku
Zingama-25 kuNdasa	6:08 am	6:08 pm		
Zingama-21 kuNhlangulana	6:44 am	5:24 pm		
Ziyi-17 kuMandulo	5:57 am	5:57 pm		
Zingama-22 kuZibandlela	5:13 am	6:50 pm		

a. Kukuziphi izinyanga lapho imini nobusuku kulingana khona ngobude? _____

_____

_____

b. Kukuziphi izinyanga kulezi lapho ubude bemini bulingana khona eCape Town nasePolokwane?

_____

c. Kukuziphi izinyanga lapho kunokwehlukana khona? _____

d. Thola umahluko phakathi kwamahora nemizuzu phakathi kwemini ende kunazo zonke kanye nemfushane kunazo zonke. _____

e. Thola ubude bemini nobusuku kwalolo nalolo lusuku ethebhuleni elingenhla..

_____



Cela othile ozokusiza ukuthola ukuthi ilanga liphuma nini lishone nini ngakini. Bhala lokhu ulandele isonto libe linye.
Ngabe imini iyafinyela noma iyeluleka?

Teacher:
Sign:
Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 33 2014/07/19 9:09 AM

81 Ukuphindaphinda: okungakubili kuze kufinyelele ema-75

Usuku:

Yini ehamba ngambili?
Yipheya lezicathulo.



Zingaki izicathulo kula mapheya?

Ipheya eli-1 lezicathulo?
Amapheya a-2
Amapheya a-3
Amapheya a-4
Amapheya a-5
Amapheya ayi-6
Amapheya ayi-7
Amapheya ayi-8
Amapheya ayi-9
Amapheya ayi-10

Qondanisa isibalo nombuzo ongakwesokunxele:

$1 \times 2 = 2$
$9 \times 2 = 18$
$7 \times 2 = 14$
$2 \times 2 = 4$
$4 \times 2 = 8$
$3 \times 2 = 6$
$5 \times 2 = 10$
$10 \times 2 = 20$
$6 \times 2 = 12$
$8 \times 2 = 16$



Qedela ithebhula.


Amaqoqo	Phindaphinda	Ukuhlukanisa	Hlukanisa
Amaqoqo ayi-10 ezinto ezihamba nga-2	$10 \times 2 = 20$	Hlukanisela abantu aba-2 izinto ezingama-20	$20 \div 2 = 10$
Amaqoqo ayi-15 ezinto ezihamba nga-2		Hlukanisela abantu aba-2 izinto ezingama-30	
Amaqoqo angama-20 ezinto ezihamba nga-2		Hlukanisela abantu aba-2 izinto ezingama-40	
Amaqoqo angama-35 ezinto ezihamba nga-2		Hlukanisela abantu aba-2 izinto ezingama-70	



Qedela ithebhula.

Ukuhlukanisa	Hlukanisa
Hlukanisela abantu aba-2 izinto ezingama-21	$21 \div 2 = 10$ kusala 1
Hlukanisela abantu aba-2 izinto ezingama-33	
Hlukanisela abantu aba-2 izinto ezingama-67	
Hlukanisela abantu aba-2 izinto ezingama-75	

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 34 2014/07/19 9:09 AM



3 Qedela ishadi lokulandelanayo.

okungenisiwe	umthetho	okukhiqiziwe
11	× 2	
12		
15		
17		
20		

okungenisiwe	umthetho	okukhiqiziwe
22	× 2	
26		
31		
30		
35		

okungenisiwe	umthetho	okukhiqiziwe
20	÷ 2	
26		
32		
38		
44		

okungenisiwe	umthetho	okukhiqiziwe
50	× 2	
60		
68		
72		
74		

4 Qedela la mathebhula angezansi:

×	1	2	3	4	5	6	7	8	9	10	11	12	13	14	15	16	17	18	19	20
2																				

×	21	22	23	24	25	26	27	28	29	30	31	32	33	34	35	36	37
2																	

5 Xazulula lesi sibalo:



Ngithenge amaswidi angama-36 ngama-R2.
Ngikhokhe ama-R50, R20 kanye nama-R5 ayizinhlamvu.
Ungakanani ushintshi wami?

Teacher:
Sign:
Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 35 2014/07/19 9:09 AM

82 Amaphethini ezinombolo: ezingambili kuya ema-800

Usuku: .....



Yini ongayisho ngezinombolo ebhulokhini elinombala osawolintshi?

Bala uhlehle ngaku-2, usuke ema-700 uye ema-800.
Iyiphi inombolo eza emva kwama-700 uma ubala ngakubili?

Bala uhlehle usuke ema-800 uye ema-710.

Iyiphi inombolo eza ngaphambi kwama-750 uma ubala uhlehla?

701	702	703	704	705	706	707	708	709	710
711	712	713	714	715	716	717	718	719	720
721	722	723	724	725	726	727	728	729	730
731	732	733	734	735	736	737	738	739	740
741	742	743	744	745	746	747	748	749	750
751	752	753	754	755	756	757	758	759	760
761	762	763	764	765	766	767	768	769	770
771	772	773	774	775	776	777	778	779	780
781	782	783	784	785	786	787	788	789	790
791	792	793	794	795	796	797	798	799	800



Qedela lezi zinombolo.

720; 722; 724; _____; _____; _____	800; 798; 796; _____; _____; _____



Hlanganisa noma ususe okubili.

a. 764 + 2 = 766

1. Hlanganisa okubili enombolweni oyinikiwe. Sikwenzele okokuqala.

b. 762 _____	c. 783 _____	d. 756	e. 714 _____	f. 799 _____

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 36 2014/07/19 9:09 AM



a. 764 – 2 = 762

2. Susa okubili enombolweni oyinikiwe. Sikwenzele okokuqala.

b. 762 _____	c. 783 _____	d. 756 _____	e. 714 _____	f. 799 _____

3. Kwenzekani uma uhlanganisa noma ususa okubili ezinombolweni ezingenhla?

_____



Buka iziyingi ezisasibhakabhaka ebhodini lezinombolo.

a. Yini ongayisho ngalezi ziyingi? _____

b. Yelula lezi zinombolo:

701; 703; 705; _____ ; _____ ; _____

725; 727; 729; _____ ; _____ ; _____

799; 797; 795; _____ ; _____ ; _____


783; 785; 787; _____ ; _____ ; _____

779; 781; 783; _____ ; _____ ; _____




Gcwalisa inombolo efanele esiyingini ngasinye kule migqa yezinombolo.

a.



b.





Nginenombolo enamadijithi ama-3.



Idijithi lokuqala yisi-7, elilandelayo likhulu ngokubili kunesi-7, bese kuthi elokugcina lincane ngokune kunesi-7.

Uma ungabala uqhubeke ubala ngakubili usukela kule nombolo, leyo nombolo iyiphi?

_____

Teacher:
Sign:
Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

Zulu G3 B2 Num Gr3-81-96.indd 37 2014/07/19 9:21 AM

83 Ukuphindaphinda: ngaku-2 nangaku-5 kuze kuyofinyelela ema-75

Usuku: .....



Ungathatha isikhathi esingakanani ukuphendula lokhu?

1 × 2 = _____	2 × 5 = _____	10 × 2 = _____	7 × 2 = _____
8 × 2 = _____	5 × 2 = _____	8 × 5 = _____	4 × 5 = _____
5 × 5 = _____	6 × 5 = _____	3 × 2 = _____	7 × 5 = _____
6 × 2 = _____	9 × 5 = _____	3 × 5 = _____	4 × 2 = _____
10 × 5 = _____	5 × 2 = _____	1 × 5 = _____	9 × 5 = _____



Bona ukuthi umngani wami wenzeni.

Xoxa ngalokhu.

4 × 2 = 8

Umngani wami uveze u-4 × 2 kanje:

Ungabali/ amaqiniso	Amaqoqo alinganayo	Ukuhlanganisa okuphindaphindiwe	Amaqoqo	Amaqiniso
2, 4, 6, 8	●●●● ●●●●	2 + 2 + 2 + 2	xx xx xx xx	2 x 4 = 8 4 x 2 = 8 8 ÷ 4 = 2 8 ÷ 2 = 4

Yenza okufanayo ngalokhu 4 × 5 = 20.

Ungabali	Amaqoqo alinganayo	Ukuhlanganisa okuphindaphindiwe	Amaqoqo	Amaqiniso

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 38 2014/07/19 9:09 AM



Xazulula lesi sibalo:

24 × 3 = (20 + 4) × 3 = (20 × 3) + (4 × 3) = 60 + 12 = 72	a. 13 × 3	b. 18 × 3
c. 12 × 5	d. 21 × 3	e. 14 × 3
f. 25 × 3	g. 12 × 3	h. 15 × 5

Xazulula lesi sibalo:



Ngithenge amaswidi ayi-14 ngama-R3 lilinye.
Umngani wami uthenge amaswidi ayi-12 ngama-R5 lilinye.
Sikhokhe malini sobabili seyihlanganisiwe?

Teacher:
Sign:
Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 39 2014/07/19 9:09 AM

84 Ukuphindaphinda: ngakuthathu kuze kuyofinyelela ema-75

Usuku:

Yini evame ukuhamba ngantathu? Amasondo ebhayisikili elingusondo-ntathu.



Lokhu kunamasondo amangaki?
Usondo-ntathu o-1 onamasondo amathathu
Osondo-ntathu aba-2?
Osondo-ntathu aba-3
Osondo-ntathu aba-4
Osondo-ntathu aba-5
Osondo-ntathu abayi-6
Osondo-ntathu abayi-7
Osondo-ntathu abayi-8
Osondo-ntathu abayi-9
Osondo-ntathu abayi-10

Qondanisa isibalo nombuzo ongakwesokunxele:

$9 \times 3 = 27$
$7 \times 3 = 21$
$2 \times 3 = 6$
$4 \times 3 = 12$
$3 \times 3 = 9$
$5 \times 3 = 15$
$1 \times 3 = 3$
$10 \times 3 = 30$
$6 \times 3 = 18$
$8 \times 3 = 24$



Qedela ithebhula.


Amaqoqo	Phindaphinda	Ukuhlukanisa	Hlukanisa
Amaqoqo ayi-11 ezinto ezihamba nga-3	$11 \times 3 = 33$	Hlukanisela abantu aba-3 izinto ezingama-33	$33 \div 3 = 11$
Amaqoqo ayi-15 ezinto ezihamba nga-3		Hlukanisela abantu aba-3 izinto ezingama-45	
Amaqoqo angama-25 ezinto ezihamba nga-3		Hlukanisela abantu aba-3 izinto ezingama-60	
Amaqoqo ayi-12 ezinto ezihamba nga-3		Hlukanisela abantu aba-3 izinto ezingama-36	




Qedela ithebhula.


Ukuhlukanisa	Hlukanisa
Hlukanisela abantu aba-3 izinto ezingama-37	$37 \div 3 = 12$ kusala 1
Hlukanisela abantu aba-3 izinto ezingama-74	
Hlukanisela abantu aba-3 izinto ezingama-49	
Hlukanisela abantu aba-3 izinto ezingama-68	


ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 40 2014/07/19 9:09 AM




3 Qedela ishadi lokulandelanayo.










4 Qedela la mathebhula angezansi:

×	1	2	3	4	5	6	7	8	9	10	11	12	13	14	15
4	3	6													

×	16	17	18	19	20	21	22	23	24	25	26	27	28	29	30
4															

Uyithole kanjani impendulo emabhulokhini anombala osasibhakabhaka?

5 Xazulula lesi sibalo:



Ingane ngayinye beyingena ngama-R3 kwase kungena izingane ezingama-23 epaki.
Zikhokhe malini sekukonke?

Teacher:
Sign:
Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 41 2014/07/19 9:09 AM

85 Ukuphindaphinda: ngaku-2, ngaku-3 nangaku-4 kuze kuyofinyelela ema-75

Usuku: .....



Ungathatha isikhathi esingakanani ukuphendula lokhu?

1 × 2 = _____	5 × 4 = _____	5 × 2 = _____	2 × 2 = _____
6 × 3 = _____	4 × 2 = _____	2 × 4 = _____	7 × 3 = _____
8 × 4 = _____	2 × 3 = _____	7 × 2 = _____	9 × 4 = _____
3 × 2 = _____	4 × 4 = _____	10 × 3 = _____	1 × 3 = _____
3 × 3 = _____	9 × 2 = _____	6 × 4 = _____	10 × 3 = _____



Bona ukuthi umngani wami wenzeni.

Xoxa ngalokhu.

5 × 2 = 10

Ngiqale ngaveza 5 × 2 kanje:

Ungabali	Amaqoqo alinganayo	Ukuhlanganisa okuphindaphindekayo	Amaqoqo	Amaqiniso
2, 4, _ _ _	● ● _ _ _ _	2 + _ _ _ _	_umugqa wesi-2 xx	2 x _ = _ 4 x _ = _ _ ÷ _ = _ _ ÷ _ = _

Yenza okufanayo futhi lapha 8 × 3 = 24.

uLwesibili	R25 + R175 + R50 + R320 + R90		
uLwesithathu	R50 + R75 + R200 + R350 + R25		
uLwesine	R120 + R55 + R180 + R245 + R25		
uLwesihlanu	R60 + R150 + R140 + R200 + R125		
uMgqibelo	R50 + R75 + R200 + R350 + R25		
iSonto			




Thola ukuthi ushintshi ungakanani.

Ukuthola ushintshi kumele uhlanganise inani lezinto nemali oyikhiphile.

Isibonelo:

UPalesa uthenga ukudla ngama- R87,50
Ukhokha ngama-R200 ayiphepha.
Ungakanani ushintshi wakhe?



50c + R2 + R10 + R100 = R112,50 ushintshi

Sebenzisa umusho wezinombolo ukukusiza uthole ushintshi.

Inani: R229,40
Kukhokhwa nge-:





Inani: R305,60
Kukhokhwa nge-:







11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 91 2014/07/19 9:12 AM

108

Usuku:

Okunye ngokuhlanganisa nokususa kuye ema-999



Masixazulule le nkinga.

UGugu uqoqe izitikha ezingama-234.
UMandla umnike ezingama-501.
Zingaki izitikha anazo sezizonke?

Uthini umbuzo?

Zingaki izitikha anazo sezizonke?


Yiliphi igama elimqoka? Sezizonke


Yiziphi izinombolo? 234 nama-501

Masikhombise konke lokhu ngamabhulokhi akalwa ngeshumi.



Nakhu okwenziwe nguGugu ukuxazulula inkinga.







Nakhu okwenziwe ngu-Aakar.
Wenze umdwebo omkhulu.





Okwenziwe nguLisa kufana kanjani nokuka-Aakar kube kungamabhulokhi?

Sebenzisa inombolo esenkingeni ukuxazulula lokhu okungezansi ngezindlela ezimbili ozifundile.

Indlela yoku-1	Indlela yesi-2



ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 92 2014/07/19 9:12 AM



Imisebenzi yasekuseni.

UThembi uqoqele isikole izinto ezizovuselelwa. Uthole amabhodlela eplastiki angama-624 kanye namathini angama-268. Unezinto ezingaki aziqoqile sezizonke?

Uthini umbuzo? _____

Zithini izinombolo?	Yiliphi igama elibalulekile? Thikha impendulo efanele. Igama elibalulekile lisitshela ukuthi masenze lokhu: Masihlanganise ☐ Masisuse ☐
Yenza umdwebo.	Sebenzisa indlela yakho ukuxazulula le nkinga.

Isitolo sinamaphakethe kashukela angama-900. Emva kokuthengwa kwamanye amaphakethe, kusele angama-659. Bathengise amaphakethe amangaki?

Uthini umbuzo? _____

Zithini izinombolo?	Yiliphi igama elibalulekile? Thikha impendulo efanele. Igama elibalulekile lisitshela ukuthi masenze lokhu: Masihlanganise ☐ Masisuse ☐
Yenza umdwebo.	Sebenzisa indlela yakho ukuxazulula le nkinga.



ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 93 2014/07/19 9:12 AM

109

Usuku: .....

Ukuhlanganisa nokususa kuye ema-999 futhi

Buka lo mdwebo bese uwuchaza.





Qedela lokhu:

a. 223 + 223 = _____.	e. 117 + 117 = _____.
b. 160 + 160 = _____.	f. 450 + 450 = _____.
c. 115 + 115 = _____.	g. 112 + _____ = 224.
d. 315 + 315 = _____.	h. 116 + _____ = 232.




Bhala lezi zinombolo.


a. Ama-523 ahlanganiswe ne-12 kwakha _____.	e. Ama-537 ahlanganiswe nama-29 kwakha _____.
b. Ama-540 kususwa i-15 kusala _____.	f. Uhhafu wama-300 ngama- _____.
c. Ama-576 ahlanganiswe nama-20 kwakha _____.	g. Ukuphinda kabili ama-420 kuba _____.
d. Ama-590 kususwa ama-60 kusala _____.	h. Uhhafu wama-600 ngama- _____.



Hlanganisa 125



ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 94 2014/07/19 9:12 AM



4 Yini engenza-1 000?

a.	200 + 150 +50 + ☐ = 1 000	e.	25 + ☐ + 900 = 1 000
b.	1 000 = 560 + ☐ + 400	f.	☐ + 700 + 50 = 1 000
c.	670 + ☐ = 1 000	g.	1 000 = 420 + ☐ + 500
d.	910 + 40 + ☐ = 1 000	h.	☐ + 30 + 900 = 1 000

Thola imindeni yezinombolo ezine



Isibonelo: 125 + 600 = 725 725 – 125 = 600 725 – 600 = 125

123 + 77 = ☐	☐ – 77 = 123	☐ – 123 = 77
650 + ☐ = 800	800 – 650 = ☐	☐ + 650 = 800
1 000 – 250 = ☐	1 000 – ☐ = 250	250 + ☐ = 1 000
56 + ☐ = 300	300 – ☐ = 56	☐ + 56 = ☐
820 + ☐ = 1 000	1 000 – ☐ = 820	1 000 – 820 = ☐

Hlola!
Qhathanisa!
Lungisa!

Hlanganisa uphinde ususe amashumi namakhulu



a. Amashumi namakhulu

78 + 10 =	149 + 10 =	456 + 100 =	987 + 10 =
636 + 100 =	801 + 100 =	727 + 100 =	612 + 10 =
456 – 10 =	749 – 100 =	829 – 100 =	987 – 10 =
875 + 10 =	709 – 100 =	815 + 10 =	903 – 100 =

b. Amashumi aphelele (Iziphindaphindi ze-10)

150 – 30 =	190 – 60 =	175 – 50 =	990 – 80 =
210 + 90 =	335 + 60 =	660 + 50 =	812 + 60 =
256 – 50 =	320 – 30 =	785 – 60 =	999 – 90 =
567 + 37 =	671 + 90 =	832 + 80 =	928 + 80 =

Xazulula lesi sibalo:

925 + 53 = ☐ 571 + 202 = ☐ 786 + 75 = ☐ 903 + 95 = ☐



11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 95 2014/07/19 9:12 AM

110

Usuku: .....

Amaphazili okukala




Thola ububanzi bendawo.

Zingaki izikwele ozidinga ■ ukuqedela isembozo ngasinye?


Sebenzisa indlela yakho yokubala. Khombisa ngomdwebo ukuthi ukwenze kanjani lokhu ezithombeni.

a.




_____

b.




_____

c.



_____


d.



_____



Xazulula isiphicaphicwano.



Ufuna ukukala amalitha ama-4 amanzi. Uneziqukathi ezimbili: esinye siphethe amalitha ama-3 esinye ama-5. Uzokwenza kanjani lokhu?


Siyakucebisa: kunezindlela ezimbili okungenani.

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 96 2014/07/19 9:12 AM




Ubonani?

Amabhokisi amathathu ananyathiselwe ngeglu kulesi sithombe.



Uma ucosha izingxenye ezihlanganisiwe zaba ngamabhokisi, zingaki izikwele ozithola ngaphandle?_____

Bala amabhokisi.



Mangaki amabhokisi akha lesi simo?

_____

Inselelo: isiphicaphicwano sesikhathi

Hlola!
Qhathanisa!
Lungisa!

Unezinto ezimbili zokukala isikhathi.

Okukodwa kuphiwa imizuzu eyi-7 bese kuthi okunye kuphiwe imizuzu eyi-11.

Ungazisebenzisa kanjani lezi zikali ukuthola ukuthi idlule nini imizuzu eyi-15?

_____

_____

_____

Teacher:
Sign:
Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 97 2014/07/19 9:12 AM

Usuku: .....

Amaphethini ezinombolo: amashumi kuya ema-900

Masibale ngamashumi ukusuka ema-810 kuya ema-900.

801	802	803	804	805	806	807	808	809	810
811	812	813	814	815	816	817	818	819	820
821	822	823	824	825	826	827	828	829	830
831	832	833	834	835	836	837	838	839	840
841	842	843	844	845	846	847	848	849	850
851	852	853	854	855	856	857	858	859	860
861	862	863	864	865	866	867	868	869	870
871	872	873	874	875	876	877	878	879	880
881	882	883	884	885	886	887	888	889	890
891	892	893	894	895	896	897	898	899	900



Zenza phethini lini izinombolo ezikokelezelwe?

Okukokelezelwe ngombala obomvu: Ukubala nga-_____.	Bhala iphethini lalokho: _____
Okukokelezelwe ngombala osatshani: Ukubala nga-_____.	Bhala iphethini lalokho: _____




Bala.

a. 874 + 10 + 10 + 10 = _____	b. 858 – 10 – 10 – 10 – 10= _____
c. 845 + 10 + 10 = _____	d. 858 – 10 – 10 – 10 = _____
e. 836 + 10 = _____	f. 866 – 10 – 10 = _____
g. 892 + 10 + 10 + 10 = _____	h. 87 – 10 – 10 – 10 = _____
i. 880 + 10 + 10 = _____	j. 855 – 10 = _____



ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 98 2014/07/19 9:12 AM




3 Yizinduku ezingaki?

Kunezinduku eziyi-10  enyandeni  .

1	= izinduku ezi-_____		10	= izinduku ezi-_____	
2	= izinduku ezi-_____		20	= izinduku ezi-_____	
3	= izinduku ezi-_____		30	= izinduku ezi-_____	
4	= izinduku ezi-_____		40	= izinduku ezi-_____	
5	= izinduku ezi-_____		50	= izinduku ezi-_____	
6	= izinduku ezi-_____		60	= izinduku ezi-_____	
7	= izinduku ezi-_____		70	= izinduku ezi-_____	
8	= izinduku ezi-_____		80	= izinduku ezi-_____	
9	= izinduku ezi-_____		90	= izinduku ezi-_____	
10	= izinduku ezi-_____		100	= izinduku ezi-_____	

4 Imigqa yezinduku.



Kunezinyanda eziyi-10 zezinduku emgqeni = izinduku ezi-100

Umugqa o-1 wezinyanda ezi-10 = izinduku ezi-100 $10 \times 10 = 100$

Imigqa e-2 yezinyanda ezi-10 = izinduku ezi-_____ $20 \times 10 =$ _____

Imigqa e-4 yezinyanda ezi-10 = izinduku ezi-_____ $40 \times 10 =$ _____

Imigqa e-10 yezinyanda ezi-10 = izinduku ezi-_____ $100 \times 10 =$ _____

5 Zingaki izinyanda?

Izinduku ezi-700 zakha izinyanda ezi-_____

Izinduku ezi-900 zakha izinyanda ezi-_____

Izinduku ezi-1 000 zakha izinyanda ezi-_____



Teacher:
Sign:
Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 99 2014/07/19 9:12 AM



112

Usuku:

Ukusondezela eshumini

Ithemu 4

Sesike sakwenza ukusondezela ezahlukweni ezedlule. Buka lo mugqa wezinombolo bese uchazela umngani wakho ukuthi kwenziwe kanjani ukusondezela eshumini.









Sondezela lokhu e-10.

I-114 elisondezelwe lenza? ____ I-117 elisondezelwe lenza? ____




I-159 elisondezelwe lenza? ____ I-151 elisondezelwe lenza? ____






Sondezela eshumini eliseduze.
Dweba owakho umugqa wezinombolo.

195




945





ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 100 2014/07/19 9:13 AM




Sondezela e-10 eliseduze.

Ngaphambili kokusondezela eshumini:

a. Bhala usho ukuthi iphakathi kwamaphi amashumi amabili inombolo ezosondezelwa.

b. Khombisa ngomcibisholo ukuthi ingahle ibe kuphi emgqeni wezinombolo inombolo ezosondezelwa.

a. I-128 uma lisondezelwa eshumini eliseduzane liba yi-130.



b. 877



c. 901



d. 566



e. 999



Sondezela lezi zinombolo e-10 eliseduze.

a. 161 ☐ b. 583 ☐ c. 415 ☐ d. 848 ☐ e. 612 ☐

f. 230 ☐ g. 327 ☐ h. 989 ☐ i. 534 ☐ j. 748 ☐

Ngidinga amangaki amaphepha ama-R10?

UMbali nabangani aba-8 bazoba nosuku lokuzithokozisa esikoleni. Bazokhokha ama-R4 umuntu ngamunye. UMbali kunemali ayongile wayesethi uzobakhokhela abangani bonke. Wayeseya emshinini wemali wayoyikhipha. Umshini umnike imali engamaphepha kuphela. Mangaki ama-R10 angamaphepha azowadinga? ☐

Teacher:
Sign:
Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 101 2014/07/19 9:13 AM

113 Ukuphindaphinda kanye nokuhlukanisa: okuhlanu kuya e-100

Usuku: .....



Qedela ishadi lokulandelanayo.

okungenisiwe	umthetho	okukhiqiziwe
1	× 5	
3		
5		
7		
9		

okungenisiwe	umthetho	okukhiqiziwe
2	× 5	
4		
6		
8		
10		



Qedela ithebhula elingezansi:


×	1	2	3	4	5	6	7	8	9	10
5										



Bala:

12 × 5 = (10 + 2) × 5 = 50 + 10 = 60	11 × 5
13 × 5 = (10 + 3) × 5 = 50 + 15 = 50 + 10 + 5 = 65	13 × 5

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 102 2014/07/19 9:13 AM




45 ÷ 5 = (40 + 5) ÷ 5 = (45 ÷ 5) + (5 ÷ 5) = 8 + 1 = 9	75 ÷ 5
48 ÷ 5 = (40 + 8) ÷ 5 = (40 ÷ 5) + (8 ÷ 5) = 8 + 1 kusala 3 = 9 kusala 3	13 ÷ 5



4 Xazulula lesi sibalo:


Ingadi yemifino inemigqa eyi-14 yezitshalo.



Umugqa ngamunye unezitshalo ezilinganayo ngobuningi.

Uma kunesamba sama-70 ezitshalo, zingaki izitshalo ezisemgqeni ngamunye?

UDavide uthengisa amawolintshi ngamahlanu.



Unamawolintshi angama-85.

Uzogcwalisa amasaka amangaki?



11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 103 2014/07/19 9:13 AM

114 Amaphethini ezinombolo: okuhlanu kuya e-1 000

Usuku: .....

Masibale ngakuhlanu kusukela ema-805 kuya ema-900.

801	802	803	804	805	806	807	808	809	810
811	812	813	814	815	816	817	818	819	820
821	822	823	824	825	826	827	828	829	830
831	832	833	834	835	836	837	838	839	840
841	842	843	844	845	846	847	848	849	850
851	852	853	854	855	856	857	858	859	860
861	862	863	864	865	866	867	868	869	870
871	872	873	874	875	876	877	878	879	880
881	882	883	884	885	886	887	888	889	890
891	892	893	894	895	896	897	898	899	900



Phethini lini elivezwa yizinombolo ezikokelezelwe?


Okukokelezelwe ngombala osasibhakabhaka:	Ukubala nga-_____.
Bhala iphethini lalokho:	
Okukokelezelwe ngombala obukhwebezana:	Ukubala nga-_____.
Bhala iphethini lalokho:	



Bala.

a. 875 + 5 + 5 + 5 = ____	b. 850 − 5 − 5 − 5 = ____	c. 845 + 5 + 5 = ____
d. 830 − 5 − 5 − 5 = ____	e. 886 + 5 = ____	f. 846 − 5 − 5 = ____
g. 802 + 5 + 5 + 5 = ____	h. 801 − 5 = ____	i. 853 − 5 − 5 − 5 = ____

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 104 2014/07/19 9:13 AM



Ibhodi lezinombolo 901 kuya e-1 000.

901		903	904	905	906		908	909	910
911		913	914	915	916		918	919	920
921		923	924	925	926		928	929	930
931		933	934	935	936		938	939	940
941		943	944	945	946		948	949	950
951		953	954	955	956		958	959	960
961		963	964	965	966		968	969	990
971		973	974	975	976		978	979	990
981		983	984	985	986		988	989	990
991		993	994	995	996		998	999	1 000



Gcwalisa izinombolo ezidingekayo.

Mahluko muni okhona phakathi kwezinombolo ezisatshani kanye nezibukhwebezana ezisemgqeni owodwa?



Qedela la maphethini.

Uyalibona iphethini?	Lichaze.
963, 968, 973, 978, 983, _____	
944, 949, 954, 959, 964, _____	
921, 926, 931, 936, 941, _____	
956, 951, 946, 941, 936, _____	
982, 987, 992, 997, _____	
927, 922, 917, 912, 907, _____	

Teacher:
Sign:
Date:


11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 105 2014/07/19 9:13 AM

Usuku:

Okunye ngokulingana

Isibuko, isibuko.




Dlala nomngani nisebenzise isethi eyodwa yamaphazili afana namathayili (ane-14 lezingcezu) kokuSikwayo kwe-10.

Umdlali ngamunye unohhafu wezingcezu (izingcezu eziyi-7) zezimo zephazili ezingamathayili. Alukho ucezu olufana nolunye.

Dweba umugqa phakathi nephepha. Le ngxenye izobizwa ngokuthi "wumugqa ogqamile". Umdlali wokuqala ubeka ucezu lwakhe olulodwa eduze komugqa.


Umdlali wesibili ubeka umugqa ogqamile ngale komunye umugqa. Kumele kuwuthinte umugqa lowo noma kuthinte isimo ebesivele sibekiwe.

Umdlalo mawuqhubeke zize zisebenze zonke izingcezu.




Dweba olunye uhlangothi lwesimo.


Manje veza umugqa oveza ukulingana kwezingcezu.



Dweba umugqa oveza ukulingana kwezingcezu kulokhu okulandelayo:



Thikha izimo ezinemigqa efanele ekhombisa ukulingana kwezingcezu.



Teacher:
Sign:
Date:

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 106 2014/07/19 9:13 AM

Usuku: .....

116 Amaphethini ezinombolo: okungakubili kuze kufinyelele ema-900

Masibale ngakuhlanu kusukela ema-802 kuya ema-900.

801	802	803	804	805	806	807	808	809	810
811	812	813	814	815	816	817	818	819	820
821	822	823	824	825	826	827	828	829	830
831	832	833	834	835	836	837	838	839	840
841	842	843	844	845	846	847	848	849	850
851	852	853	854	855	856	857	858	859	860
861	862	863	864	865	866	867	868	869	870
871	872	873	874	875	876	877	878	879	880
881	882	883	884	885	886	887	888	889	890
891	892	893	894	895	896	897	898	899	900

Phethini lini elivezwa yizinombolo ezikokelezelwe?

Okukokelezelwe ngombala osasibhakabhaka:	Ukubala nga-_____
Bhala iphethini lalokho:	
Okunombala osatshani:	Ukubala nga-_____
Bhala iphethini lalokho:	

2 Bala.

a. $872+2+2+2=$ ____	b. $820-2-2-2=$ ____	c. $844+2+2=$ ____
d. $832-2-2-2-2=$ ____	e. $883+2=$ ____	f. $842-2-2=$ ____
g. $801+2+2+2+2=$ ____	h. $815-2=$ ____	i. $846-2-2-2=$ ____

3 Ugweje nokungelona ugweje.

a. Dweba (✗) eduze kwezinombolo ezilugweje (✓) eduze kwezinombolo ezingelona ugweje.

914	923	916	907	929	912	911	915
908	917	925	931	930	910	909	922	933

b. Phendula uthi ugweje noma akulona ugweje.

Hlanganisa izinombolo ezimbili ezilugweje. Uthola inombolo _____.

Hlanganisa izinombolo ezingelona ugweje. Uthola inombolo _____.



Hlanganisa izinombolo ezintathu ezilugweje. Uthola inombolo _____.

4 Ukutshala izihlahla.

Lena yindlela eqondile yokutshala izihlahla ezingama-48 emigqeni elinganayo.



Sibhala: $2 \times 24 = 48$ (imigqa emi-2 yezihlahla ezingama-24 = 48) noma $48 \div 2 = 24$ (izihlahla ezingama-48 emigqeni emi-2 elinganayo zenza izihlahla ezingama-24 emgqeni). Bala imigqa kanye nezihlahla esithombeni ngasinye ngezansi.
Bhala umusho wezinombolo onophawu × kanye nophawu ÷ ukuqondanisa.

a. _____ × _____ = _____ _____ ÷ _____ = _____	
b. _____ × _____ = _____ _____ ÷ _____ = _____	
c. _____ × _____ = _____ _____ ÷ _____ = _____	
d. Thola enye indlela yokutshala izihlahla ezingama-48 emigqeni. _____ × _____ = _____ _____ ÷ _____ = _____	e. Thola enye indlela yokutshala izihlahla ezingama-48 emigqeni . _____ × _____ = _____ _____ ÷ _____ = _____

Teacher:
Sign:
Date:

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 108

Usuku:

117 Ukuphindaphinda nokuhlukanisa: okungakubili kuze kufinyelele e-100

Ithemu 4



Qedela ishadi lokulandelanayo.

okungenisiwe	okukhiqiziwe	okungenisiwe	okukhiqiziwe
1		2	
3		4	
5		6	
7		8	
9		10	

umthetho: × 2



Qedela ithebhula elingezansi:

×	1	2	3	4	5	6	7	8	9	10
2										



Bala:

12 × 2 = (10 + 2) × 2 = 20 + 4 = 24	11 × 2
18 × 2 = (10 + 8) × 2 = 20 + 16 = 20 + 10 + 6 = 36	22 × 2

46 ÷ 2 = (40 + 6) ÷ 2 = (40 ÷ 2) + (6 ÷ 2) = 20 + 3 = 23	74 ÷ 2
47 ÷ 2 = (40 + 7) ÷ 2 = (40 ÷ 2) + (7 ÷ 2) = 20 + 3 kusala 1 = 23 kusala 1	75 ÷ 2




Xazulula lesi sibalo:



Ingadi yemifino inemigqa engama-32 yezitshalo.

Umugqa ngamunye unezitshalo ezi-2.

Zingaki izitshalo ezikhona engadini?



Ingadi yemifino inemigqa engama-40 yezitshalo .

Umugqa ngamunye unezitshalo ezilinganayo ngenani.

Uma kunesamba sezitshalo ezingama-80 zingaki izitshalo ezikhona emgqeni ngamunye?



2014/07/19 9:13 AM

118

Usuku:

Ukuphindaphinda nokuhlukanisa: okuthathu kuya e-100



Qedela ishadi lokulandelanayo.

okungenisiwe	umthetho	okukhiqiziwe
1	× 3	
3		
5		
7		
9		

okungenisiwe	umthetho	okukhiqiziwe
2	× 3	
4		
6		
8		
10		



Qedela ithebhula elingezansi:

×	1	2	3	4	5	6	7	8	9	10
3										



Bala:

12 × 3 = (10 + 2) × 3 = 30 + 6 = 36	11 × 3
17 × 3 = (10 + 7) × 3 = 30 + 21 = 30 + 20 + 1 = 51	19 × 3

63 ÷ 3 = (60 + 3) ÷ 3 = (60 ÷ 3) + (3 ÷ 3) = 20 + 1 = 21	96 ÷ 3
65 ÷ 3 = (60 + 5) ÷ 3 = (60 ÷ 3) + (5 ÷ 3) = 20 + 1 kusala 2 = 21 kusala 2	98 ÷ 3



Xazulula lesi sibalo:



UMarlene unamaswidi angama-30.

Amaswidi kaJakobe angaphindwa kashumi kwakaMarlene.

UJakobe unamaswidi amangaki?



Ingadi yemifino inemigqa engama-29 yezitshalo .

Umugqa ngamunye unezitshalo ezi-3.

Zingaki izitshalo ezisengadini sezizonke?





ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 109 2014/07/19 9:13 AM

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 110 2014/07/19 9:13 AM

119 Amaphethini ezinombolo: okuthathu kuya e-1 000

Usuku: .....

Masibale ngakuthathu kusukela ema-803 kuya ema-899.

801	802	803	804	805	806	807	808	809	810
811	812	813	814	815	816	817	818	819	820
821	822	823	824	825	826	827	828	829	830
831	832	833	834	835	836	837	838	839	840
841	842	843	844	845	846	847	848	849	850
851	852	853	854	855	856	857	858	859	860
861	862	863	864	865	866	867	868	869	870
871	872	873	874	875	876	877	878	879	880
881	882	883	884	885	886	887	888	889	890
891	892	893	894	895	896	897	898	899	900

Phethini lini elivezwa yizinombolo ezikokelezelwe?

Okukokelezelwe ngombala ophinki:	Ukubala nga-_____ .
Bhala iphethini:	
Okukokelezelwe ngombala osatshani:	Ukubala nga-_____ .
Bhala iphethini:	

Bala.

a. 873 + 3 + 3 + 3 = ____	b. 824 − 3 − 3 − 3 = ____	c. 841 + 3 + 3 = ____
d. 837 − 3 − 3 − 3 − 3 = ____	e. 889 + 3 = ____	f. 846 − 3 − 3 = ____
g. 802 + 3 + 3 + 2 = ____	h. 819 − 3 = ____	i. 880 − 3 − 3 − 3 = ____

Ibhodi lezinombolo 901 kuya e-1 000.

901		903	904		906	907		909	910
	912	913		915	916		918	919	
921	922		924	925		927	928		930
931		933	934		936	937		939	940
	942	943		945	946		948	949	
951	952		954	955		957	958		960
961		963	964		966	967		969	990
	972	973		975	976		978	979	
981	982		984	985		987	988		990
991		993	994		996	997		999	1 000

Gcwalisa izinombolo ezidingekayo.

Faka umbala enombolweni edingekayo ebhulokhini elisatshani.
Faka umbala obomvu ezikhaleni esimhlophe esinezinombolo.
Phethini lini olibonayo?

Qedela la maphethini.

a. Hlanganisa oku-4 kathathu ufinyelele ema-981.	984, 987, 990, 993
b. Hlanganisa oku-5 kathathu ufinyelele ema-973.	_____
c. Susa oku-4 kathathu ema-975.	_____
d. Susa oku-3 kathathu ema-947.	_____
e. Hlanganisa oku-2 kathathu ufinyelele ema-932.	_____

Teacher:
Sign:
Date:

Usuku: .....

120 Ukuphindaphinda nokuhlukanisa: okune kuya e-100

1 Qedela ishadi lokulandelanayo.

okungenisiwe	okukhiqiziwe
1	
3	
5	
7	
9	

umthetho: × 4

okungenisiwe	okukhiqiziwe
2	
4	
6	
8	
10	

umthetho: × 4

2 Qedela ithebhula elingezansi:

×	1	2	3	4	5	6	7	8	9	10
4										

3 Bala:

12 × 4 = (10 + 2) × 4 = 40 + 8 = 48	11 × 4
13 × 4 = (10 + 3) × 4 = 30 + 12 = 30 + 10 + 2 = 52	15 × 4

48 ÷ 6 = (40 + 8) ÷ 4 = (40 ÷ 4) + (8 ÷ 4) = 10 + 2 = 12	64 ÷ 4
45 ÷ 4 = (40 + 5) ÷ 4 = (40 ÷ 4) + (5 ÷ 4) = 10 + 1 kusala 1 = 11 kusala 1	49 ÷ 4

4 Xazulula lesi sibalo:



UTony unamaswidi angama-36.

Udla ama-4 nsuku zonke.

Kuzomthatha izinsuku ezingaki ukuwaqeda?



UDavide uthengisa amaphakethe aqukethe amawolintshi amane lilinye.

Unamawolintshi angama-88.

Uzogcwalisa amaphakethe amangaki?



Teacher:
Sign:
Date:

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 111 2014/07/19 9:13 AM

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 112

Usuku: .....

Amaphethini ezinombolo: okune kuya e-1 000

Masibale ngakune kusukela ema-804 kuya ema-900.

801	802	803	804	805	806	807	808	809	810
811	812	813	814	815	816	817	818	819	820
821	822	823	824	825	826	827	828	829	830
831	832	833	834	835	836	837	838	839	840
841	842	843	844	845	846	847	848	849	850
851	852	853	854	855	856	857	858	859	860
861	862	863	864	865	866	867	868	869	870
871	872	873	874	875	876	877	878	879	880
881	882	883	884	885	886	887	888	889	890
891	892	893	894	895	896	897	898	899	900

Phethini lini elivezwa yizinombolo ezikokelezelwe?

Okukokelezelwe ngombala osatshani:	Ukubala nga-_____:
Bhala iphethini lalokho:	
Okukokelezelwe ngombala obukhwebezana:	Ukubala nga-_____:
Bhala iphethini lalokho:	

Bhala iphethini lalokho:

a. 872 + 4 + 4 + 4 = ____	b. 821 − 4 − 4 − 4 = ____	c. 840 + 4 + 4 = ____
d. 836 − 4 − 4 − 4 − 4 = ____	e. 885 + 4 = ____	f. 845 − 4 − 4 = ____
g. 803 + 4 + 4 + 4 = ____	h. 813 − 4 = ____	i. 847 − 3 − 3 − 3 = ____

Ibhodi lezinombolo: 901 kuya e-1 000.

901		903	904	905		907	908	909	
911	912	913		915	916	917		919	920
921		923	924	925		927	928	927	
931	932	933		935	936	937		939	940
941		943	944	945		947	948	949	
951	952	953		955	956	957		959	960
961		963	964	965		967	968	969	
971	972	973		975	976	977		979	980
981	982	983	984	985		987	988	989	
991	992	993		995	996	997		999	1 000

Gcwalisa izinombolo ezidingekayo.

Faka umbala osatshani ezinombolweni ezidingekayo. Faka umbala obomvu ezikhaleni ezimhlophe ezinezinombolo. Phethini lini olibonayo?

Qedela la maphethini.

a. Hlanganisa oku-4 kane uze ufinyelele ema-980.	984, 988, 992, 996
b. Hlanganisa oku-5 kane uze ufinyelele ema-971.	_____
c. Susa oku-4 kane ema-963.	_____
d. Susa oku-3 kane ema-927.	_____
e. Hlanganisa oku-2 kane uze ufinyelele ema-938.	_____

Teacher:
Sign:
Date:

2014/07/19 9:13 AM

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 113 2014/07/19 9:13 AM



Izingxenye ezilinganayo zento ephelele



Uhhafu, noma ngabe uwusika ngandlelani.

Sika onxande ephepheni elifakwe umbala.
(Okokusikwa kwe-II).




Thola izindlela ezahlukene zokwakha uhhafu.

1. Qoqa iphepha elingunxande ngobude libe wuhhafu. Lisike lapho ligoqeke khona libe wuhhafu. Lezi zingxenye zilingana ncimishi. Ingxenye ngayinye iwuhhafu owodwa ($\frac{1}{2}$) kanxande ekade linguye.



2. Qoqa elinye iphepha elingunxande libe wuhhafu ovundlile. Lisike libe wuhhafu lapho beligoqwe khona. Lezi zingxenye zilingana ncimishi. Ingxenye ngayinye iwuhhafu owodwa kanxande ekade linguye.




3. Iyiphi enye indlela engasebenza ukuhlukanisa leli phepha libe zingxenye ezimbili ezilinganayo? Zama lokhu ngephepha kanye nesikele, bese usebenzisa umugqa ngokuthi ulisike lapho ukade ugoqe khona.






Okunye ngezingxenye ezilinganayo zokuphelele.

Uma sihlukanisa into ibe yizingxenye ezi-2 ezilinganayo sizibiza ngawohhafu.
Uma sihlukanisa into ibe yizingxenye ezi-3 ezilinganayo sizibiza ngokwesithathu.
Uma sihlukanisa into ibe yizingxenye ezi-4 ezilinganayo sizibiza ngokwesine.
Uma sihlukanisa into ibe yizingxenye ezi-5 ezilinganayo sizibiza ngokwesihlanu.





Isendwishi lokudliwa emini.




UThabo nabangani aba-3 benze amasendwishi amaningi asemini.

Bawasike aba ngamaqhezu okwesine noma amakota.

Lokhu kusho ukuthi bawasike aba yizingcezu ezine ezilinganayo.

Ngenye yezindlela lena. Veza ezinye izindlela ezi-3 abangenza ngazo lokhu.






Ukuhlukanisa ngokwesine.

Hlola!
Qhathanisa!
Lungisa!

Uma ngaleli qhezu: ($\frac{1}{4}$), sisika into ibe yizingcezu ezingamakota siyisika ibe yizingcezu ezine ezilinganayo.

Thikha (✓) ezithombeni ezingezansi ukukhombisa amakota noma okwesine.



Teacher:
Sign:
Date:


ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 114 2014/07/19 9:13 AM

Usuku: .....

Izibalo zamaqhezu



Xoxa ngamaqhezu nomunye wabangani.




Xazulula lesi sibalo ngokuphendula imibuzo nokwenza imidwebo.

a. Umqeqeshi webhola lomphebezo upha abadlali uhhafu wewolintshi. Kunabadlali abayi-14.

Udinga amawolintshi amangaki esewonke? _____

Uthini umbuzo? _____

Yiziphi izinombolo noma amaqhezu akhona kulesi sibalo? _____

Yiliphi igama elibalulekile? _____

Dweba isithombe.



Ithini impendulo? _____

b. Umama uphe mina nabangani bami abayi-11 ikota le-aphula ngamunye.

Udinga ukuba nama-aphula amangaki empeleni? _____

Yiziphi izinombolo ezikhona noma amaqhezu akhona kulesi sibalo? _____

Yiliphi igama elibalulekile ? _____

Dweba isithombe.



Ithini impendulo? _____

c. Ngosuku lomgubho wesikole bathengisa amakhekhe asikwe aba yizingcezu ezintathu lilinye.

Bathengise izingcezu zekhekhe kubantu abangama-24.

Bathengise amakhekhe amangaki? _____

Yiziphi izinombolo ezikhona noma amaqhezu akhona kulesi sibalo? _____

Yiliphi igama elibalulekile? _____

Dweba isithombe.



Ithini impendulo? _____

Teacher:
Sign:
Date:

Usuku:



Izinto eziwonhlangothi-ntathu



Buka isithombe.

Yikuphi kwalokhu okwakheke kwaba ngamabhola, amasilinda noma amabhokisi?





Thola izithombe ezimbili zalokhu uzinamathisele lapha ngezansi.

Dweba umugqa ngaphansi kwempendulo efanele.

a. Utamatisi wakheke waba yibhola/yibhokisi/yisilinda.

b. Ingilazi yesiphuzo yakheke yaba yibhola/yibhokisi/yisilinda.

c. Incwadi yakheke yaba yibhola/yibhokisi/yisilinda.



Okuqondile nokugobile.

Ezinye izinto zakheke zaba yisicaba. Ezinye zigobile.

		
Isilinda linamacala amabili ayisicaba nelilodwa eligobile.	**Ikhoni** linecala elilodwa eliyisicaba nelilodwa eligobile.	**Indilinga** igobile kuzo zonke izinhlangothi zayo.



Ukugingqika.

Yenza sengathi uyayibona indilinga, ikhowuni noma isiyingi kugingqika.


Kulezi ezintathu izinto, iyiphi:

a. Engeke igingqike iye kude?	
b. Engagingqika iqonde ingagobi?	
c. Engagingqika iye noma yikuphi?	



Yini inethi?

Into eyakheke ngendlela yokuthi ungayigoqa wakhe into ephathekayo, ibizwa ngenethi.



Bhala izinombolo ezinohlamvu lwenethi olusongeka lwakhe ikhowuni. _____

Bhala izinombolo ezinohlamvu lwenethi olusongeka lwakhe isilinda. _____



1 2 3 4 5 6 7 8 9 10

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 115 2014/07/19 9:13 AM


ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 116 2014/07/19 9:13 AM

Usuku:


125 Amanye amaqhezu

Nikeza amagama amaqhezu.


Bhala iqhezu elimele izithombe ezingezansi.




a. Kuyiqhezu elingakanani okunombala obomvu? _____



b. Kuyiqhezu elingakanani okunombala osatshani? _____



c. Kuyiqhezu elingakanani okunombala osasibhakabhaka? _____



d. Kuyiqhezu elingakanani okunombala ophuzi? _____


Impendulo nemibuzo.

a. USizwe unezingcezu zikashokoledi ezine. Upha umngani wakhe ucezu olulodwa Liqhezu lini likashokoledi asele nalo? _____

b. UYasmin unamawolintshi amabili. Upha uMimi elilodwa. Usele naqhezu lini? _____

c. UMariya uthenga oshokoledi aba-5. Uzibekela o-1. Upha uMohamedi ababili, upha umfowabo oshokoledi ababili futhi. Usele neqhezu elingakanani yena kowakhe? _____

Udonga emaqhezwini.



Umugqa owodwa uhlukaniseke izingxenye ezimbili ezilinganayo. Phansi kuhlukaniseke amaqhezu okweshumi nambili ($\frac{1}{12}$).


Lebula eminye imigqa ngamaqhezu afanele.

Sebenzisa umphetho oqondile wephepha ukuthola amaqhezu alinganayo, lokho kuzokusiza ukuphendula le mibuzo

Sukela odongeni lwamaqhezu, uthole izindlela ezahlukene zokwakha.

Hlola!
Qhathanisa!
Lungisa!

a. uhhafu owodwa $\frac{1}{2}$	
b. okukodwa okuphelele (1)	
c. amakota amathathu $\frac{3}{4}$	



Teacher:
Sign:
Date:

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 117 2014/07/19 9:13 AM

126

Usuku:

Ukubeka amaqoqo nokwabelana


Ukubala ngokushesha.

Thola lapho kuxhumana khona lokhu.

30 ÷ 3 = ____	15 ÷ 3 = ____	60 ÷ 3 = ____	600 ÷ 3 = ____
150 ÷ 3 = ____	24 ÷ 4 = ____	24 ÷ 8 = ____	240 ÷ 4 = ____
120 ÷ 4 = ____	12 ÷ 4 = ____	40 ÷ 10 = ____	40 ÷ 5 = ____
400 ÷ 10 = ____	400 ÷ 5 = ____	200 ÷ 5 = ____	18 ÷ 2 = ____
36 ÷ 2 = ____	72 ÷ 2 = ____	72 ÷ 4 = ____	72 ÷ 8 = ____

Kusalani.

OJabu noLebu bafuna ukwabelana ngoshokoledi oyi-13. Bathola omngaki ngamunye?



Bazokwabelana ngezikwele zawo eziyi-12 banikane 6 umuntu emunye. Ucezu olusalay bangaluhlephula ukuze umuntu emunye agcine ethole $6\frac{1}{2}$ wezingcezu.



a. Emcimbini bekunamaswidi angama-25 okudingeke abelwe izingane ezi-10. Abela lezo zingane. Dweba izithombe, zizokusiza.



Umuntu ngamunye uthola _____ wamabhande.

b. Aba ama-37 amabhande wabele abantwana aba-4.

Umuntu ngamunye uthola _____ wamabhande.

c. Aba ama-48 amabhande wabele abantwana aba-5.

Umuntu ngamunye uthola _____ wamabhande.

d. Aba amabhande angama-73 wabele izingane ezi-10.

Umuntu ngamunye uthola _____ wamabhande.


Teacher:
Sign:
Date:

127




Usuku:

Amaqhezu kutangramu

ITangramu yiphazili elidala laseChina elakhiwe ngemimo eyisi-7 ebizwa ngetans, yonke imimo ibekwa ndawonye ukuze yakhe izakhiwo ezahlukahlukene.



Amaqhezu kutangramu.

	Hlolisisa iphazili letangramu. Liqhezu lini lokuphelele okuyisikwele abayilo labo nxantathu ababili abakhulu? (Kuphinki kulesi sithombe.)	_____
	Uma ugoqa eyodwa yawonxantathu uyenze izingcezu ezimbili ezilinganayo, ucezu ngalunye luyalingana nonxantathu omaphakathi ngobukhulu (Kuphuzi esithombeni.). Qhezu lini esikweleni sisonke (itangramu) elakhiwa ngunxantathu omaphakathi ngobukhulu?	_____
	Uma ugoqa eyodwa yawonxantathu uyenze izingcezu ezimbili ezilinganayo, ucezu ngalunye luyalingana nawonxantathu ababili abancane. (Kusatshani esithombeni.) Qhezu lini esikweleni sisonke (itangramu) elakhiwa ngunxantathu ngamunye kwabancane?	_____
	Faka onxantathu abancane ababili ndawonye wakhe isikwele esincane. Qhezu lini esikweleni sisonke elakhiwa yisikwele esincane (Kusasibhakabhaka esithombeni)?	_____
	Faka onxantathu abancane ababili ndawonye wakhe ipharalelogramu. Qhezu lini esikweleni sisonke (itangramu) elakhiwa yipharalelogramu?	_____



Ukusetshenziswa kwetangramu.

Sika amatangramu amabili ekhasini Lokusikwayo kwe-12 ulebule ucezu ngalunye ngeqhezu olulufanele ngokwesikwele esiphelele. (Lawa ngamatangramu empela nemimo yawo.)

Faka igama lakho ngemuva ocezwini ukuze ukwazi ukuzithola izingcezu zakho uma sekuphele umdlalo.



Umdlalo wamaqhezu okwabelana ngokuyikho.


Dlala nabadlali aba-4-8 nisebenzise izingcezu zetangramu.



Bonke abebedlala kumele bafake ikota elilodwa letangramu esikhwameni.



1. Abadlali bayadedelana ekubeni ngabaphathi bokuthengiselana.
2. Umphathi wokuthengiselana nguyena onqumayo ukuthi yimuphi umdlali okumele afake inani elithile letangramu esethini.
3. Umdlali ngamunye uyaqagela ukuthi uhlamvu luzoveza ikhanda noma cha yini uma luphonswa, umhlwebi bese eluphonsa phansi.




4. Umphathi wohwebelwano wabelana okusesethini ngokulinganayo nalabo abaqagele bashaya khona. (Angazithola esethengisa olulodwa ucezu kumbe ngaphezulu ukuze athole izingcezu ezibiza ngokufanayo nanazo.)



Mina ngizozifaka kunxantathu owodwa omkhulu.

5. Okusele okungeke kwabelwane ngakho kusala esikhwameni kulindele ukusetshenziswa ngethuba elizayo .




6. Bonke abadlali bayaqiniseka ukuthi ukwabelana kuhambe ngokuyikho.
7. Uma umdlali ethola iphutha, ophethe uhlawuliswa e-Ikuya kwezi-8 kwesikwele sonke; leyo nhlawulo ithathwe wumdlali wokuqala othole iphutha.
8. Umdlali ongenazo izingcezu angasale esethatha okusele esikhwameni.

Izingxenye ezimbili zokwesishiyagalombili zakha ikota elilodwa. Lokho ngingakufaka esikweleni kanye nakuparalelogramu.



9. Umdlalo uyaqhubeka lize ihlandla lokuba ngumphathi lifinyelele kubo bonke abadlali.












ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 118 2014/07/19 9:13 AM

128a

Usuku:

Ukukala umthamo

Sebenzisa ibhodlela leplastiki kanye enkomishi.



Inkomishi (250 ml)



Zingaki izinkomishi ezingagcwalisa lesi siqukathi?

Akudingeki ukuthi uwasho amalitha kumbe amamililitha. Gagula amagama athi 'inkomishi' nelithi 'ibhodlela'.


Isiqukathi esilingana ilitha elilodwa

2 Akha ilitha.

Thola indlela ongaf'inyelela ngayo elitheni elilodwa usebenzisa izinhlobo ezahlukene zoketshezi.

Bhala umusho wezinombolo ngalokhu ngakunye way.

500 ml + 500 ml = 1 000 ml (1 ℓ)







Umusho wezinombolo: _____ = 1 000 ml (1 ℓ)

Umusho wezinombolo: _____ = 1 000 ml (1 ℓ)

NUmusho wezinombolo: _____ = 1 000 ml (1 ℓ)

Umusho wezinombolo: _____ = 1 000 ml (1 ℓ)

Uma sibhala izimpawu zokukala umthamo sishiya isikhala esincane phakathi kwenombolo kanye nophawu. Isibonelo: sibhala u-3 ℓ hhayi u-3ℓ; 299 g hhayi 299g; 15 km hhayi 15km.

1 2 3 4 5 6 7 8 9 10




Umthamo wenkomishi uma igcwele ngu-10 kanti ivoliyumu yenkomishi egcwele ngu-1.

3 Ungakanani umthamo wenkomisi uma igcwalisiwe?



Isipuni senza inkomishi iqukathe ukugcina ezengeni lokuqala.





4

Sikala uketshezi oluncane ngamamililitha (ml).

Le nkomishi yokukala imith iqukatha i-10 ml, lokho kuthi akube ngamathisipuni amabili.

Izinto ezithe ukuba ningana sizikala ngamalitha (ℓ).


Elitheni elilodwa kunamamililitha ayinkulungwane (1 000).





5 Lolu ketshezi lungakanani?


Mangaki ama-ml aqukethwe ngujeke ngamunye?



_____ ml _____ ml _____ ml

6 Lolu ketshezi lungakanani?

Hlikihla izinkomishi zokukala imithi ukukhombisa ukuthi ziqukethe kangakanani.




50 ml 10 ml 70 ml

Teacher:
Sign:
Date:

11 12 13 14 15 16 17 18 19 20

ZUL MATHS G3 B2 9781431501502.indb 119 2014/07/19 9:13 AM




128b

Usuku:

Kala uthele

Emdlalweni.

Uma kufikwa kuhhafu wesikhathi umdlali uphuza $\frac{1}{4}$ welitha lejusi.



a. Bangaki abadlali abakwazi ukuhlanganyela?

1 ilitha _____ 4 wamalitha _____ $2\frac{1}{2}$ wamalitha _____

b. Ingakanani ijusi abayidingela?

8 wabadlali _____ 9 wabadlali _____ 12 wabadlali _____

Amalitha namamililitha (ml).

1 ilitha = 1 000 ml $\frac{1}{2}$ welitha = _____ ml $\frac{1}{4}$ welitha = _____ ml

125 ml = _____ welitha 50 ml = _____ welitha

Yenza uhhafu welitha.

Beka uphawu (✓) wezingxenye ezi-3 ezifakwa zakhe uhhafu welitha.

120 ml	140 ml	160 ml	28 ml	240 ml
				

Ubisi luyilungele impilo yakho.

Abelananai amalitha ama-4 obisi phakathi:



a. Kwabantwana abayisi-8. Umntwana ngamunye uthola _____ wamalitha.

b. Kwabantwana abayisi-16. Umntwana ngamunye uthola _____ wamalitha.

c. Kwabantwana abayisi-12. Umntwana ngamunye uthola _____ wamalitha.



Ibha kaBongi yejusi.

Kujeke o-1, uBongi usebenzisa ikota elilodwa ($\frac{1}{4}$) lenkomishi yejusi kanye nezinkomishi ezi-2 zamanzi.

Bala ukuthi uBongi usebenzisa ujusi namanzi okungakanani kojeke bakajusi abayisi-5.

Ojeke	1	2	3	4	5
Izinkomishi zakajusi	Ikota elilodwa ($\frac{1}{4}$)				
Izinkomishi zamanzi	2				

Yenza ilitha.

50 ml	100 ml	200 ml	250 ml	500 ml
				

Udinga ezingaki iziqukathi ngayinye ukwenza ilitha?

a. _____ × 100 ml b. _____ × 200 ml c. _____ × 250 ml

e. _____ × 500 ml f. _____ × 50 ml

Ngemva komcimbi.





Hlola! Qhathanisa! Lungisa!

Umcimbi kaThandi sewuphelile. Kukhona iziphuzo ezisele.

Kusele ujusi ophuzi ongakanani? _____


Kusele ujusi obukhwebezane ongakanani? _____

UThandi uxuba ojusi bobabili.


Angagcwalisa ojeke abangaki? _____


Teacher:
Sign:
Date:


Okokusikwa kwesi -5





Okokusikwa kwesi-6
















Okokusikwa kwesi-7




Okokusikwa kwesi-8




Okokusikwa kwesi-9


RIOO	RIOO	RIOO	RIOO
RIOO	RIOO	RIOO	RIOO
RIO	RIO	RIO	RIO
RIO	RIO	RIO	RIO
RIO	RIO	RIO	RIO
RIO	RIO	RIO	RIO



Okokusikwa kwesi-10




Cut-out II



GEN NUM G3 B2 CUT OUTS.indd 2 2014/06/20 8:16 AM

Cut-out 12



GEN NUM G3 B2 CUT OUTS.indd 4 2014/06/20 8:16 AM